# Awu! Ungubani Wena?

Wena ungubani?
Ngingaze ngazingawe kungani?
Ngiyafisa ukukwazi kepha isikhathi kanginaso.
Asazananga, asazani, kepha sizokwazana.
Kubaluleke ngani ukwazana kwethu?
Ukukwazi kungawudukisa umqondo wami,
Nokukwazi kwakho kungawuhlumelelisa owami umqondo.
Ngisize ngoba sewuphumelele wena.
Wena sewuyayazi indlela phela.
Cha, engathi izindlela zethu kazifani nje,
Impela ngiyazibona kazifani.
Pho kungani ufuna ukungihungela kweyakho indlela?
Qhubeka ubasize, mina ngiyalubonga olwakho usizo,
Uqhubeke njalo osubasizile ubabize ngokuthi ngokuthi bangabakho, sathane.

Saviour Mabaso

# Ezethu.

Sophelela namhlanje.
Kusazoba mnandi nomakanjani.
Ngicela nibeke umoya phansi,
Kungabibikho ukutatazela.
Kuzobe kusindwe ngobethole.
Izintokazi nezinsizwa, hho…..hhe,
Uyodela umakhasane.
Sekuthi kangikhulume,
Kuthi kangikhulume ngeqhaza esilibambile,
Phela ukube kasikho ngabe kayikho yonke lento.
Leli qhaza lokuzivocavoca.
Lolu suku luyindidiyela yezemidlalo yokuzivocavoca,
Ngingabala intandokazi uNobhutshuzwayo.
Ubunzima bamapenalty,
Ipali selilincane ngendlela eyisimanga,
Uvele ugeje into engakaze ibonakale,
Kubemuncu, kubenentokozo sijabule,
Injabulo enothando nobumbano,
Ubumbano olusisa phambili nempilo,
Ubumbano olusihlungela amaqhawe,
Okungawokuzimilela kwelikaMthaniya,
Esiyakunqoba ngawo izizwe zonke.
Kodwa ngicela wena nawe,
Ngingazikhohlwa nami,
Siqhubeke lapho sikhona,
Ngokuba eyekukhanyeni iqalehlathini.
Maduzane sizophumelela.

Saviour Mabaso

# Hhayi Bo! ! ! !

Wenzani!
Ayenziwa lento oyenzayo!
Ayenziwa lento ofuna ukuyenza!
Uhlezi lapho nje wenzani ngempela?
Awenzi lutho nje wenzani ngempela?
Wezani ugila imikhuba?

Kakade ukhuzwa,
Usuze wayihlongandlebe ungaqondile.
Hhawu! Kodwa mhlaba sale usumxolela.
Umnewethu phela lo osumphendule ihlaya kanje.
Uyathatha uyahlanganisa uyahlukanisa.
Uyathatha uqoqela ndawonye,
Uyaqhelelanisa zonke izifiso zempilo yakhe.
Kanti uyomnika nini impumelelo?
Sekukade eyilangazelele bo!
Mhlaba ungabe usamkhuza sekwanele,
Muphe ithuba naye ake adle izithukuthuku zakhe.
Ungiyekile ngazidla ezami, uhluke ngani yena kimi?

Mvelingqangi, yizwa imithandazo yami.
Jabhisa abangani ababi zehle izihlathi,
Jabhisa abenzi bobubi,
Jabhisa izitha.
Amathe ake abuyele kwasifuba.
Indlela enhle eyempumelelweni.
Lapho kungaphangwadaka,
Ngoba kalinanga.
Linda lizokuna

Saviour Mabaso

# Ikusasa Lami.

Hhawu kazi senabanjani?
Kwala ngisho sekungontanga,
Kuvele kuhlale obala.
Cha engathi umasiza kawukho.
Ngibona sekufanele niqhubeke,
Kungabe kusababikho ozokhuza,
Kungathi mawukhuzwa bayakubanga,
Kungani ungayibeki eyakho inhloso,
Kungathi sidlala ngesethu isikhathi,
Kodwa siyowubona umopho,
Ngoba uyisalakutshenwa,
Ihlongandlebe impinda.
Bona abadala basho bathi,
Kukhuzwa okhuzekayo,
Kuthiwe inkunzi isematholeni,
Ningamathole angenanhlonipho,
Kodwa ngicela wena nawe ukukuncoma,
Ngokuba uyisibonelo esihle,
Isizwe siyaziqhenya ngawe.

Saviour Mabaso

# Isimanga! !

Ingabe kuyiqiniso lokhu engukuzwayo?
Ingabe ushonephi ngempela?
Kusengathi ngiyaphupha nginamanga,
Iphupho linamanga kangikholwa.
Kangiphuphi kuyiqiniso.

Sisazohamba kusasa,
Sizobe sinenjabulo angakaze ibonakale,
Ngifisa ukumenza angangikhohlwa.
Kepha konke lokhu kuyize,
Ngokuba sesobonana kwelizayo,
Akasekho ngokukhawuleza.
Cha ngingegxeke kona,
Ngigxeka yena uqobo,
Akasebenzisanga ingqondo,
Ngokuba akangibikelanga,
Kungabe ithuba ubengasenalo,
Kanti kufa unjani, uyazuma?

Saviour Mabaso

# Kuyoze Kube Sekufeni Yini?

Nkosazane!
Nkosazane asazane!
Asazani nje nawe uyakwazi loko,
Ngivumele ngazi ngendabuko yakho,
Ngivumele ngazi ngemuva lakho,
Sivumelane ngakho sobabili sithokoze,
Musa ukuvumela izitha zisedelele,
Sibe yinhlekisa kuzo kuze kube sekufeni.

Nginothando Ntokazi lungolokhethiweyo,
Uthando enginalo liyakudinga elikufunayo,
Lusenhliziyweni yami,
Yona exhumene namehlo ami,
Wona amehlo abona konke,
Akubonile, akhuluma, yakhuluma,
Ngase ngisho ngengila angangazibamba,
Nkosazane asikhulume akungaze kushon'ilanga.

Ubuhle, unabo, umuhle,
Kodwa khona ongenakho,
Yini? Buza phela.
Umbheki nomnakekeli wabo.
Nkosazane nginike ubuhle bakho,
Ngizobulondoloza kuze kube sekufeni.

Ngivumele ngingene enhliziweni yakho,
Khani ngiyakunakekela umzimba wakho,
Ngithumele igazi kuzo zonke izitho zomzimba wakho,
Ngivumele Ntokazi ngiyancenga,
Sebebaningi befika behluleka,
Ngisho zona izingwe ezidla ngomlomo,
Ngisho ngiyingwe edla ngamabala,
Hhayi ngobukhazikhazi obubulala izwe.

Ngivumele sivumelane ngesivumelwano,
Okungesikasofa silahlane,
Ntokazi sebenzisa umqondo,
Mangiyeka wena ngiyom'tholaphi onjengawe na?
Mawuyeka mina uyomtholaphi wena onjengami na?

Asibambane Ntokazi siyekele ukuklwebhana,
Sibambane ngezandla,
Sibambane kujabhe izimfamona,
Zona ezingabonibuhle nabubi ziyadunyelwa,
Sibambane kuze kujabhe usathane,
Kuze kube sekufeni Nkosazane.

Saviour Mabaso

# Ma Africa Amahle!

Ma Afric' amahle,
Ngiyayibeka ezitheni,
Ngiyayibeka ukuba siyibhunge,
Kepha ngiyibhunga ngedwa,
Ngokuba iyinkondlo ebhalwe yimina.

Ngicela ukuba unezwi,
Izwi elakhayo izwe lethu,
Ungangithinta kulenombolo,
0790349478 ngumakhalekhukhwini,
0860556572 isikhahlamezi,
t@ i-mail,
24/7 ubusuku nemini yabo.

Ngifisa i Afrika ebumbene.
Ngifisa siphelele ma Afrik' amahle,
Kepha ngifisa sibebahle nangokwezifiso zethu.
Ngifisa uwonkewonke ubhunge nami,
Ngingebani kepha nginombono.
Ngines'ifis'esihle ngani.

Afrika bas'hlukanisile ng'yavuma,
Kepha kasingaz'khohlisi sithi bayokus'hlanganisa,
Ngokuba siyabazi,
Bangabathokoza ngezililo zamaqhawe ezabalaza,
Bangabathokoza ngemuva kokuhlukana kwamabutho eqhawe elinenkani,
Bangabathokoza ngemuva kokugoba kophondo,
Uphondo lwenkunzi amanxebanxeba,
Imanxebanxeba nje bebeyigwaza bethi kay'lale,
Kuze beyakuzikholisa kwesayo isibaya,
Okuyisibaya esiqukethe izithole nezitholekazi,
Afrika vuka sebehambile,
Vuka kunzi sikuthobe amanxeba,
Kuze uyakuphulukiswa uhlanganise abakushiyile esibayeni,
Ukuhlanganise ukhiphe esisha isibaya,
Kuyakube kungasemuntu oyakumelana nawe,
Ngokuba amandla asengawakho,
Usunqobile ngokupheleleyo,
Usuyinqobile impi elwa buthule kungahlonyiwe futhi nangezikhali zegazi.

Yebo, izwi usunalo behlangene bebonke.
Usungohlonishwayo kepha kawuzihloniphi,
Usungotuswayo kepha kawuzitusi,
Usungobongwayo kepha kawuzibongi.
Kungabe sekuyisikhathi sokubuyiselwa kwesimilo sakho?

Afrika kushonephi ukuba nguwe?
Ngokuba kawusewena kepha igama lisele,
Igama lakho seliphiwe abezizwe,
Ngokuba nabo bebengelivume libahlambalaza,
Ngokuba babe namabhodwe kepha amathanga bekungawethu,
Bengikwazi ungokhuthele,
Bengikwazi ungoyikhathalele impilo,
Bheka kodwa manje usuyanqena,
Usukhala ngeqolo, nangomlenze,
Nokuyizifo sekuyazenzela kowakh' umzimba,
Ngithi zingane zakwethu nize niwuhlabe niwulawule
Nakulabo amabombo sebawabhekisa ngaohesheya kwezilwandle,
Nize nithi kubo azibuye emasisweni,
Ngokuba enhle ingane ngesebenzelekhaya,

Africa uyikhayalami,
Ngazalelwe Africa,
Ngakhulele Africa,
Nethemba lami lise Africa,
Pho yini eyakungihlukanisa nawe Africa?
Africa ungasuki kimi nami ngizohlala kuwe,
Manje naphakade,
AMEN! ! !

Saviour Mabaso

# Uhambo Oluphephile.

Lapho izinhliziyo sezilangazelele ukufika,
Iseyinde indlela, lwangishaya uvalo!
Ngayizwa ishaya kancane inhliziyo yami!
Ngimemeza ezintabeni ngoba ngikulangazelele.

Buya sithandwa sami, buya nothando,
Ungilindele ngezimhlophe
Eziphethe uthando olugculisa inhliziyo yami.
Uthando olungenza ngifikelwe injabulo engapheli,
Ngingalahlimbeleko.
Hopefully you are having a safe journey.
S'thandwa senhliziyo yami ngiyakulangazelela.

The walk of the hopeless journey.
Yet, I am safe,
To thore who love or like

Kodwa kwathi seliyozilahla kunina,
Lapho sekuqala ukuphela kwamathemba okuphothula lembenge.
Ngawuzwa umuzwa wenjabulo kwahlengezela izinyembezi,
Ngabe sekufinyelelwa emaphethweni, ngakubona,
Yankulu injabulo, apheleliswa amathemba,
Lwaluhle uhambo oluphephile.

Saviour Mabaso

# Ukungazi Kufana Nokungaboni.

Impumelelo ibhalwa emehlweni,
Kubekhona ukudideka ekuqaleni,
Ngibabuze baveze ukudideka,
Ngingonelutho iqiniso kalaziwa,
Kungani onosizo engangeluleki.
Ngoba sengiyethungele ebandla,
Kalikuboni ukukhathazeka kwami,
Ngalenjobo ngiyakuziphilisa ngayo.

Ngiyazisola ngokungazi.
Ngabe nginephutha ngokuzisola?
Ngiyazibongela ngokuzisola kwami.
Kakekho okumele abekwicala.
Icala lingelami ngokwempela.
Kodwa kuyangimangaza ukungangikhathaleli,
Bengangikhathaleli ngingenampumelelelo.
Nabegazi sengiyabengabaza,
Kusengathi eyabo isemqubeni,
Kodwa kangikholwa.
Ngizindla njengongenabani,
Ekubeni nginabo.
Kababoni ukuthi ngididekile,
Babuka ukuthi ngisayithukuse emqubeni.
Engabe besaba ihlazo labo,
Ngokuba eyabo impumelelo isifezekile,
Nekusasa selifikile.

Nginovalo ngeqiniso,
Ngokuba ize lizoba ize,
Iqiniso balazi ngobunjalo balo,
Ngiyazibuza, engabe bazozisola?
Cha kumele ngibasole,
Ngiphinde ngibagwebe ngokungachemi,
Kodwa ngiphinde ngibacobelele,
Ngibabekele iziphambeko zabo obala,
Kuze nabo bangifisele impumelelo,
Kuze bangibonise eyempumelelweni.

# Uyikhokonke! ! ! ! !

Ngimthanda nginenjabulo ngibenaye,
Ngimfise nginosizi asondele kimina,
Mihla yonke ngininga ngaye,
Ngaye nginakho konke engikudingayo.
Kangisafisi ukuba yisiphukuphu ngizihluphekise,
Ngokuba ungongikhathalele uyangithanda,
Ungembulele ukujula kwenhliziyo yakhe
Wangifaka kwelakhe ikhwapha elingenabungozi
Yena angangifela nokungifela,
Ukuhlukumezeka kwami kanakukubekezelela,
Ungojabula ngijabule, ajabule nami,
Indumalo yami iyihlazo kuyena elingefaniswe.
Ngininga ngengiyakumbonga ngakho.
Ngikhuleka ubusuku nemini angiphendule.
Ngimbuza ngengingambonga ngakho,
Ngingafumanimpendulo ngiphatheke kabuhlungu,
Ngifunde engcwele incwadi, ngiyifumane.
Cha kakadinge kubongwa kwaphela indumiso,
Kwaze kwakuncane engingambonga ngakho,
Kungokuncane kwebengikulindele ngemisebeni yakhe,
Kungumthwalo omncane ongenakungisinda.
Ungumngani kimi nakuwe engawumngani,
Ungothembekile kimi angathembeka nakuwe,
Ungoqotho kimi angaqotho nakuwe,
Ungumsindisi wami angikweswela lutho,
Usathane akanakungisabisa nxa engakimi,
UJesu ungumhlengi nethemba lempilo yami,
Ungongiqinisa idolo ezinxakanxakeni zonke,
Ungongibonisa indlela lapho sekufiphala,
Ungongenza ngisibone isidingo sokuphila kwami,
Uyisizathu sokuphila kwami.

Saviour Mabaso